



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI
CELE ENKONZWENI YOMNGCWABO EMSELENI EMBAZWANA
NGOMGQIBELO MHLAKA 31 JANUARY 2009**

Nginyanibingelela nonke

- Kungani silapha namhlanje? Sasikule ndawo ngo-October wonyaka odlule sizovula ibhuloho saphinda sahlaba isoyi lomgwaqo. Sazibophezela ngokuthi sizobuya ngoMarch kulo nyaka sesizowuvula lowo mgwaqo.
- Esasingakwazi ngokuthi kunomuntu ongeke enze okufanele kodwa asiphoqe ukuthi sihlangane ngaphambi kwesikhathi esasisinqumile, singasezile ukuzohalalisa kodwa sizobhonga emswanini ngabantu abahlanu abasishiye ngoMgqibelo odlule engozini ebandakanya izimoto ezintathu.
- Ngiyazi ukuthi sonke size lapha ukuzoduduza imindeni elahlekelwe siphinde sihloniphe okokugcina abasishiyile. Kodwa ngenxa yengisanda kukubona kwenye inkonzo enjengalena, ngibona kufanele ngichaze ukuthi njengoNgqongqoshe wezokuThutha kulesi sifundazwe ngihambela cishe zonke izingozi noma izinkonzo zesikhumbuzo nezemingcwabo ikakhulukazi lapho kushone abantu abahlanu kuya phezulu.

- UMnyango uphinda uxhumane nemindeni ethintekile ukuze kuqinisekise ukuthi abashonile bangcwatshwa ngendlela enesithunzi. Ithimba lethu lezokuphepha emgwaqeni lisiza imindeni nangemigudu efanele yokuthola izinxephezelo kwi-Road Accident Fund. Lokhu kwenziwa mahhala.
- Lokhu kwenziwa nguhulumeni osebenzela bonke abantu ngaphandle kokubheka ubuqembu bezepolitiki. Ngakhoke kuba ngukuphelelwa ubuntu nje ukuthi umuntu asebenzise umgcwabo ukuzizuzela amaphuzu kwezepolitiki.
- Kumele sigxile ekutheni singawasiza kanjani amalungu emindeni asesele nezibazi ezingapheli zokulahlekelwa ngabathandiweyo. Siyazi ukuthi izingozi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona.
- Ngonyaka odlule siqale uhlelo lokuhambela imindeni ethintekile ezingozini zomgwaqo. Lokhu sikwenza njalo uma sinomcimbi endaweni. Sihlale sishaqeka uma sibona ubunzima obubhekene nabantu abashiywe izihlobo abathembele kuzona. Yilapho ubonakala kahle umthelela wokufa kwabantu kulabo abasuke sebesele ngemuva.
- Ucwaningo luveza ukuthi iningi lezingozi lidalwa ngukuphulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kudingeke ngokushesha ukuthi kulungiswe isimo somqondo nendlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo. Ibalelwa ku-R43 billion manje imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu ezingozini zomgwaqo.

- Lelizwe lilahlekelwa ngabantu ababalelwa ku-15 000 ngonyaka emigwaqeni. Yize kunemikhankaso eminingi yezokuphepha nokusabalaliswa kwamaphoyisa amaningi, kusenabashayeli nabahamba ngezinyawo abaningi abaqhubekayo nokubukela phansi ezokuphepha emgwaqeni.
- Sithanda ukukhalisana nemindeni yalaba abalandelayo:

Name	Age	Gender
Dumisani Mbuyazi	47	Male
Ennica Mbuyazi	43	Female
Thandizwe Mbuyazi	37	Male
Thokozani Mbuyazi	35	Male
Richard Jali		Male

- Kuhlale kuba nzima njalo uma sibona ubuhlungu obuthwelwe amalungu emindeni uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo. Awekho ngempela amazwi anele okududuza imindeni ngalesi khathi esinzima kangaka.
- Sengiphetha, njengoba bengishilo ekuqaleni, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.